

# Vuk'uzenzele

Niyethulelwa WuPhiko lukaHulumeni Kwezokuxhumana Nokudluliswa Kolwazi (i-GCIS)

English/isiZulu

Nhlolanja 2023 Ushicilelo 2

## Ukubuyiselwa kuka-Eskom kuzothatha isikhathi

**U**-Eskom ubheke ukuthi kungenzeka yini ukuqalisa ukusebenza kweSigaba sesi-2 nesesi-3 sokucishwa kugagesi eminyakeni emibili ezayo ukuze iziteshi zikagesi zikwazi ukubhekana nezinkinga zokulungiswa kanye nokuqinisekisa ukubikezelwa kwamandla kagesi kubantu baseNingizimu Afrika. Lokhu kushiwo uSihlalo weBhodi lakwa-Eskom uMpho Makwana osanda kukhuluma ngesikhathi kunesithangami sabezindaba mayelana nezinsalelo zendlela yokusebenza yenkampani kagesi kanye nokwethulwa kohlelo lokugququla isimo sale nkampani.

“Sifuna ukuqinisekisa ukuthi sakha ukubikezelwa okuthile ngokuqalisa izinga elithile lokucishwa kugagesi kweSigaba sesi-2 nesesi-3 eminyakeni emibili ezayo, ukuze sinikeze indawo eyanele yokulungiswa kwezinto kuyilapho kunikezwa izwe izinga lokubikezela noma ukungaguququki ukhlehla izimpilo zabo okungcono.”

“Ukusuka kwesinye isigaba [sokucisha ugesi] uye kwesinye ngesikhathi esifushane akulungile kunoma yiliphi ibhizinisi kunoma iyiphi indawo emiphakathini yethu,” kusho uMakwana.

Wachaza ukuthi lesi sinyathelo siyingxenywe yohlelo olubanzi lokuphinda kuqalwe kabusha iziteshi zikagesi zakwa-Eskom ezindala.

UMakwana uqinisekise abantu baseNingizimu Afrika ukuthi amathimba aseziphetheni zikagesi ezweni lonke

Iqhubeka ekhasini lesi-2

Picture: Unsplash.com



Join the Woza Matric programme

Page 2

HLALAY UPHEPHILE

QOMA UKUZE USINDISE ININGIZIMU AFRIKA

NOKUBAMBISANA SINGALINGOBA IGCWANE LE-CORONA



Apply to join the SANDF Military Skills Development System before 28 February

Page 5



Ukuze ufunde iVuk'uzenzele thola i-GOVAPP ku:



Bheka u-SA Government ku-Google playstore noma ku-appstore

UNGASITHINTA LAPHA



Vuk'uzenzele



@VukuzenzeleNews

Iwebhusayithi: [www.gcis.gov.za](http://www.gcis.gov.za)

I-imeyili: [vukuzenzele@gcis.gov.za](mailto:vukuzenzele@gcis.gov.za)

[www.vukuzenzele.gov.za](http://www.vukuzenzele.gov.za)

Ucingo: (+27) 12 473 0103

Tshedimsetso House:

1035 cnr Frances Baard and Festival streets, Hatfield, Pretoria, 0083

IPHEPHANDABA LAMAHHALA, ALITHENGISWA

## Isuka ekhasini loku-1

“asebenza kanzima ukuze zibe ngcono” ngokuphathelele nokwethembeka.

## Ukubuyisela esimweni esijwayelekile

UMakwana uthe uhlelo luka-Eskom lokuhlenga kabusha luhlanganisa iziteshi zikagesi iKendal, iMatla, iMajuba, iDuvha, iTutuka kanye neKusile ukuze kubhekwane nezinsalelo ezikhona zokucisha ugesi.

“Lezi ziteshi kumele zibekwe eqhulwini ngokuthuthukisa ithalente elisezingeni eliphezulu nemali eyanele.

“Ukwenza iziteshi eziyisithupha zikagesi zithembekwe kanye neyunithi eyengeziwe eKusile [okulindeleke ukuthi ibuyiselwe kugridi ngoNtulikazi] kuzomisa ukucishwa kukagesi esikhathini esiyizinyanga ezingama-24 njengoba besike sasho. Kumele futhi sivikele futhi sigade iziteshi zikagesi ezenza kahle njengeMatimba, iMedupi neLethabo ukuze zingacekeleki phansi,” kusho uMakwana.

Usihlalo webhodi ubalule ukuthi nakuba inkampani ephela ugesi ibhekene nezinsalelo kodwa lokhu akuyona into engangenzeke waphinde wanxusa bonke abantu baseNingizimu Afrika ukuthi babambisane nenkampani ephela ugesi njengoba isebenzela ukuguqula isimo ukuze kusizakale wonke umuntu.

“Uxhaso oludingwa u-Eskom kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika wukusebenzisa ugesi ngokuwonga,” kusho uMakwana.

## Wenzi uhulumeni ukulungisa le nkinga?

Kusukela ngowezi-2018, kuningi osekwenziwe ukulungisa izinkinga ohlelweni lwethu lukagesi:

- Ibhodi lakwa-Eskom kanye nobuholi obuphezulu, obekubekwe engcupheni ukuthunjwa kombuso, kwaqashwa kulo abantu abaqeqeshiwe.
- Seziququbele izinguquko ohlelweni luka-Eskom lokwakha inkampani ehlukele yokuhambisa ugesi ephethwe nguhulumeni. Le nkampani izokwazi ukuthenga ugesi kubakhiqizi abehlukene, okuhlanganisa no-Eskom, ngentengo egculisayo. Lokhu kuzokwenza ngcono ukuphakelwa ugesi ngokuthembeka.
- Uhlelo lwamandla avuselelekayo lwavuselelwa, njengoba sekuxhunye i-2,200 MW

kugridi kuze kube manje kanye namanye angu-6,800 MW ezigabeni ezihlukahlukene zokuthengwa kwempahla.

- Imithetho yashintshwa ngoNtulikazi 2021 ukuze kukhululwe amaphrojekthi okukhiqiza ugesi azimele angaphansi kuka-100 MW ekubeni athole ilayisensi kuMlawuli i-NERSA. Yilapho izinkampani zikhiqiza khona ugesi ukuze ziwusebenzise futhi ziwudayisele abanye abasebenzisi. Ngenxa yalezi zinguquko, manje sekunamaphrojekthi anjalo acishe abeyi-100 asazosebenza amandla angaphezu kwezi-9,000 MW. NgoZibandlela 2022, umkhawulo we-100 MW wasuswa ngokuphelele.

## Ngingenzenjani ukonga ugesi?

- Ungazishiyi izinto zikagesi namagajethi kuvuliwe lapho kungadingeki, vala inkinobho yamandla.
- Uma uphuma ekamelweni noma esakhiweni, khumbula ukucisha izibani.
- Qinisekisa ukuthi usebenzisa izibani zokonga amandla (ama-LED) nawo ahlala isikhathi eside.
- Sebenzisa umpompi wamanzi abandayo kunokufaka igiza ngaso sonke isikhathi.
- Sebenzisa amanzi ngokucophelela, esikhundleni sokugeza kubhavu sebenzisa ishawa - yonga amanzi nogesi.
- Qinisekisa ukuthi izicabha zakho zesiqandisi nefriza zinezivalo ezivala ngci, zibekwe endaweni epholile futhi azivalwanga nesithwathwa - konke lokhu kuzosisiza zisebenze ngendlela efanele.

## WOZA matric 2023

**S**outh Africans who are interested in upgrading their grade 12 results, taking part in the Second Chance programme, or would like to get good marks in their



Picture: Unsplash.com

matric year have an opportunity to be part of the WOZA matric programme. National Education Collaboration Trust (NECT) and the Department of Basic Education (DBE) joined forces and launched the Remote Digital Learning programme (RDL).

This was following the difficulties experienced in online learning during the different stages of lockdown as a result of the COVID-19 pandemic.

Fast forward to 2023, the campaign continues to address systemic learning challenges, digital inequality and system capacity constraints

The RDL campaign has assisted in bridging the learning gap by understanding learners' needs and how technology can play a role in learning journey.

The RDL campaign is also inclusive of the Tswelopele campaign which focuses on grades R to 11.

The Tswelopele and the WOZA Matric programme provide learning continuity, curriculum catch-up, support, revision and exam preparation through multiple digital and non-digital platforms for pupils, teachers and parents.

The Second Chance Matric Programme (SCMP) is a matric rewrite programme

that was established in 2016 for learners who would like to improve their results or eventually complete their matric qualification on a part-time basis.

During 2021 an average of 5.8 million viewers watched WOZA Matrics on SABC 1 per month. In 2022 from March to October Tswelopele users between the ages of 4 - 65 have been reached with an average reach of about 1, 5 million viewers per month.

Last year 600 000 Grade 12s, including second chance learners and 600 000 General Education and Training Certificate learners were able to have more opportunities for psycho-social support, curriculum catch-up, revision, and exam assistance. Fur-

thermore, 50 000 teachers and parents or caregivers were provided with opportunities to support their learners with catch-up and revision. **V**

*This information was supplied by the National Education Collaboration Trust (NECT)*

For more information about these programmes visit the following websites:

- [www.wozametrics.co.za](http://www.wozametrics.co.za)
- [www.tswelopele.org.za/about-us/](http://www.tswelopele.org.za/about-us/)
- [www.education.gov.za/Curriculum/SeniorCertificate/SCRegistration...](http://www.education.gov.za/Curriculum/SeniorCertificate/SCRegistration...)



government communications

Department: Government Communication and Information System  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Tel: 012 473 0353

Email: [vukuzenzele@gcis.gov.za](mailto:vukuzenzele@gcis.gov.za)

Address: Private Bag X745, Pretoria, 0001

## Head of Editorial and Production

Regomoditswe Mavimbela  
[Regomoditswe@gcis.gov.za](mailto:Regomoditswe@gcis.gov.za)

## Acting Editor-in-Chief

Zanele Mngadi | [Zanelemngadi@gcis.gov.za](mailto:Zanelemngadi@gcis.gov.za)

## Managing Editor

Tshepo Nkosi | [Tshepon@gcis.gov.za](mailto:Tshepon@gcis.gov.za)

## News Editor

Noluthando Motswai

Writers: More Matshediso

## Graphic Designers

Tendai Gonese | Benny Kubjana

## Production Assistants

Jauhara Khan | Sebastian Palmer

## Language Practitioners

Nomgcibelo Motha | Boitumelo Phalatshe  
Thandolunye Khulu | Mahanyele Ramapala



**Vuk'uzenzele**  
is published by Government  
Communications (GCIS)

Distributed by:  
**ON THE DOT**

Printed by:  
**RISE AND SHINE PRINTERS**  
The Johannesburg Edition

The material in this publication may be reproduced, distributed, or transmitted in any form or by any means, including photocopying, recording, or other electronic or mechanical methods, without the prior permission of the publisher on condition that this publication shall be credited as the source.



# Ukuqeda ukucishwa kukagesi ndawonye

**I**phephandaba i-Sowetan lisanda kuba nekhasi lokuqala elinesihloko esithi 'Unplugged', libala amabhizinisi amancane ezweni lonke akhinyabezwe yinkinga kagesi. Ukutvalwa kwala mabhizinisi kukhombisa omunye umthelela omubi wokucishwa kukagesi okuqhubekayo ezimpilweni zabantu nasemaphusheni abo empilo engcono.

Miningi eminye imibiko emayelana nemiphumela yokucishwa kukagesi ezimpilweni zabantu, mayelana nokuphazamiseka ezibhedlela, ezikoleni, ezinkantolo, nakwezinye izinsiza zikahulumeni. Sizwa ngezimboni ezilahlekelwa amahora abalulekile okukhiqiza, abalimi abangakwazi ukugcina umkhiqizo wabo umusha, nokutshalwa kwezimali okubanjezwayo.

Njengoba ukucishwa kukagesi kuqhubeka nokudala umonakalo emabhizinisini, ezindlini nasemiphakathini, into yokugcina abantu base-Ningizimu Afrika abafuna ukuyizwa izaba noma izithembiso ezingafezeki. Izidingo zokuqedwa ngokushesha kokucishwa kukagesi ziqondakala ngokuphelele. Wonke umuntu ukhathele yilokhu.

Nokho, thina sibhekene nenkinga yamandla osekuyiminyaka eminingi yenzeka.

Nakuba kungase kube lula ukusola izinkinga zethu zamanje ngokungasebenzi kahle kwa-Eskom, inhlanganisela yezinto zibe

nomthelela kule nkinga. Kubalulekile ukukhumbula izizathu zesimo samanje ukuze impendulo yethu ibhekane nezimbangela zenkinga yethu, hhayi nje izimpawu.

Ukuntuleka kokutshalwa kwezimali emandleni amasha okuphehla, ukunganakekelwa kahle kwesikhungo sikagesi, inkohlakalo nobugebengu, ukucekelwa phansi kwengqalasizinda, ukukhuphuka kwezikwetu zikamasipala kanye nokuntuleka kwamakhono afanelekile kwa-Eskom konke kudale isivunguvungu esiphelele. Ngeke kube nesixazululo esimeme ngaphandle kokubhekana nazo zonke lezi zinkingahlangu.

Akufanele senze amaphutha esikhathi esidlule. Iminyaka eminingi, ukulungiswa okubalulekile kuye kwahlehliswa, futhi iziteshi zethu zikagesi zazisebenza kanzima ukuze sigcine izibani zikhanya. Njengezwe manje sesibhekene nomthelela walokhu kungenzi ngendlela efanele.

Kufanele sibhekane ngeqiniso nezinsielele zethu nokuthi yini esizoyenza ukuze sizilungise. Yize sonke sikufuna ngamandla ukuthi kwenzeke lokhu, asikwazi ukuqeda ukucishwa kukagesi ngobusuku obubodwa.

Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngibambe imihlangano yokubonisana nabamele abasebenzi, osomabhizinisi, abaholi bendabuko, abaholi bezenkolo kanye namalungu omphakathi. Ngiphinde

ngahlanguana nondunankulu, izimeya zikamasipala nabaholi bamaqembu eze-politiki.

Kulowo nalowo mhlanguano, ngagcizelela ukubaluleka kokuthi singachezuka kokuhleliwe, esikhundleni sokuqhamuka nezixazululo zesikhashana esifushane ezingasimeme.

Ngimemezele Uhlelo Lokusebenza Lwezamandla lukazwelonke lokuthuthukisa ukusebenza kweziteshi zikagesi zakwa-Eskom kanye nokwengeza umthamo wokuphehla ugesi omusha ngokushesha okukhulu. Lolu hlelo lwaba umphumela wokubonisana kabanzi futhi lwagunyazwa ochwepheshe bezamandla njengendlela engokoqobo yokuqeda ukucishwa kukagesi.

Njengoba sazi kahle kakhulu kulokho okwenzeka emavikini ambalwa edlule, izinyathelo eziningi ohlelweni ngeke zibonakale ngokushesha.

Yingakho sisebenzisa zonke izindlela esinazo, sibiza zonke izinsiza esinazo, ukuthi zifake amandla kugridi ngokushesha okukhulu.

Uxhaxha lweziteshi zika-Eskom eziphehla ugesi ngamalahle siphakela ingxenye enkulu yezidingo zethu zamandla. Yingakho kunokugxila kokukodwa kwa-Eskom ngokuphathelene nokuthuthukiswa kokusebenza kwemishini. Ithimba lochwepheshe abazimele lihlole izinkinga eziteshini zikagesi ezingasebenzi kahle futhi lithatha isinyathelo sokuthuthukisa

ukusebenza kwemishini. Iziteshi zikagesi eziyisithupha zihlonzwe ukuthi zizogxila kakhulu kulezi zinyanga ezizayo ukuze kubuyiselwe umthamo owengeziwe.

U-Eskom usebenzela nokuxhuma iKusile Unit 5 kugridi ngoMandulo walo nyaka. Kwenziwa yonke imizamo ephuthumayo ukuze kubuyiselwe amanye amayunithi e-Medupi, e-Kusile nase-Koeberg ngomthamo omkhulu.

U-Eskom ungenise amandla angu-300 MW emazweni angomakhelwane. Kunezingxoxo eziqhubekayo zokuthola enye i-1,000 MW. U-Eskom usebenzela ukuthenga ugesi osele ezinkampanini ezinamandla okukhiqiza isikhathi esiyiminyaka emithathu.

Uhulumeni usayine izivumelwano zamaphrojekthi angama-25 aphuma ku-*bid window* yesi-5 kanye nelesi-6 yohlelo lwamandla avuselelwayo, futhi le miklamo izoqhubeka nokwakhiwa. Bebonke bamele i-2,800 MW yamandla amasha.

Ukwandisa ukuphakelwa kukagesi kukonke, ngaphezu kwalokho okuhlinzekwa ngu-Eskom, sithathe izinyathelo zokuvumela ukutshalwa kwezimali okukhulu ngabakhiqizi bamandla kagesi abazimele ekukhiqizeni okusha. Isidingo selayisensi yamaphrojekthi okukhiqiza ashume kiwe sisusiwe. Kusukela saqala ukukhuphula izinga lokuthola amalayisensi lafinyelela ku-100 MW, ukuqhubeka kwamaphrojekthi emboni ezimele sekukhule kwafinyelela kumaphrojekthi angaphezu kwe-100 amandla angaphezu kuka-9,000 MW.

Sinqamule konke okudingekayo okufunwa yiziphathimandla kanye nezinqubo zokulawula

ezilula, sehlisa izikhathi ezibekelwe ukugunyazwa ngokuphathelene nemvelo, ukubhaliswa kwamaphrojekthi amasha kanye nokugunyazwa kokuxhumeke kwegridi.

Omunye umthombo omkhulu wokuphehla amandla kagesi amasha amaphaneli elanga asophahleni lwezindlu namabhizinisi.

Kuzophothulwa maduzane umsebenzi wohlaka lwamanani entengo oluzovumela amakhasimende ukuthi athengise ugesi osele kumaphaneli elanga ophahleni awufake kugridi.

Sonke singadlala indima yethu ngokukhokhela ugesi esiwusebenzisayo. Isikwetu esikhulu esikwetwa ngomasipala ku-Eskom sinomthelela ongemuhle ku-Eskom ngokuphathelene nokufaka izimali ekugcinweni esimweni okuyinto ebalulekile.

Bonke ababambiqhaza engihlangane nabo ngaphandle kokukhetha, bayabazisa ubunzima, ukujula kanye nobunkimbinkimbi bezinselelo esibhekene nazo. Bonke bazwakalise ukuzibophezela kwabo ukuthatha noma yiziphi izinyathelo ezidingekayo ukuze sibuyisele esimweni ugesi wethu futhi siqhubeke nomsebenzi wokuthuthukisa izimpilo zabantu baseNingizimu Afrika.

Nakuba singeke siqede ukucishwa kukagesi ngokushesha, okuqinisekile ukuthi uma sisebenza ngokubambisana ngokushesha ekuqalisweni Kohlelo Lokusebenza Lwezamandla, ukucinywa kukagesi kuzonciphakancane kancane. Ngemizamo yethu ngokuhlanganyela, sizofika maduze lapho sibe namandla anele ukuqeda ukucishwa kukagesi ngokuphelele.